Telephone: +27 11 794 7534
Fax: +27 11 794 6946
E-mail: info@cabangaenvironmental.co.za

**UMBHALO WESENDLALELO SOLWAZI**

# ISIPHAKAMISO SOKWAKHA INDAWO YOKUPHEHLA UGESI KUSETSHENZISWA ILANGA EHALFGEWONNEN

## 1. ISINGENISO

Umfaki wesicelo (uDreamworks Haven Investments Pty Ltd) uphakamisa isicelo sokwakha indawo, yokuphehla ugesi ngelanga, ezingxenyeni zomhlaba 7, 8, 9 no 16 epulazini Halfgewonnen 190 IS, eSifundazweni sase Mpumalanga.

Lendawo yokuphehla ugesi ngelanga izophehla ugesi ongango 80 Mega Watts (MW) ozosatshalaliswa kuGridi kaZwelonke. Lomsebenzi wokuphehla ugesi uhlukaniswe izigaba ezimbili:

- Indawo yokuqala yokuphehla ugesi izophehla ugesi ongango 20 Mega Watts (MW). Ukuyakha lendawo yokuqala kulindeleke ukuthi kuthathe izinyanga eziyishumi. Lendawo ekuzokwakhiwa kuyo ayizukuthatha indawo engaphezu kwezigaba ezingu 30 Ha.
- Indawo yesibili yokuphehla ugesi izophehla ugesi ongango 60 Mega Watts (MW). Ukuyakha lendawo yesibili kulindeleke ukuthi kuthathe izinyanga eziyi shuminambili. Lendawo ekuzokwakhiwa kuyo ayizu kuthatha indawo engaphezu kwezigaba ezingu 60 Ha.

Lomsebenzi uzoba yingxenye yohlelo loMnyango wezokuMbiwa phansi kanye naMandla, lwabaphehli bogesi abazimele besebenzisa insiza ezivuselelekayo kabusha.

## 2. UMONGO KWEZOMTHETHO

Ngaphambi kokuqala kokwakhiwa kwalesi siphakamiso somsebenzi, kumele kutholakale igunya ngokohlelo loMthetho kaZwelonke wokuPhathwa kwezeMvelo (MZPM) ka 1998, (uMthetho No.107 ka 1998), obhalelwe imisebenzi okumele ilandele iMithethonqubo yokuHlaziya Imithelela kwezeMvelo (HIM), yonyaka ka 2014.

Ukubeka kwengqalasizinda eduzane kwezindawo zamanzi kuzodinga ugunyazwa ngokoMthetho waManzi Wezwelonke (MMZ) ka 1998 (uMthetho No. 36 ka 1998).

Cabanga Environmental ikhethwe njengaba hlaziyi bezeMvelo abazimele abazophatha uhlelo lokufaka izicelo nelokubamba iqhaza komphakathi.

## 3. INJONGO YALO MBHALO

Lombhalo (Umbhalo weSendlalelo Solwazi (USS)) uhlanganiswe ukunikeza iMibutho yabantu abaneNtshisekelo nabaThintekayo (MNT) ulwazi ngalesi siphakamiso nango hlelo lokufaka izicelo zokugunyazwa ngezemvelo.

Umfundi walesi sikhanyiso umenywa ukuba yingxenye yokubamba iqhaza, afake imibuzo noma ulwazi olunga phonsa esivivaneni sohlelo. Ukuphawula konke kuzolotshwa besekuyadingidwa njenge ngxenye yohlelo loHIM.

Sicela nigcwalise lemibuzo enamathiselwe bese niyibuyisa kithina kule Fax: 011 794 6946 noma ku **info@cabangaenvironmental.co.za** ukubhalisa njengeMNT. Noma, sicela ukuthi nisithinte ngocingo noma ngesikhahlamezi kulemininingwane enikeziwe lana.

## 4. UKUBHEKWA KOHLELO LONKE

Cabanga Environmental iyeyayenza uphenyo ngokuzwela nokusebenzeka ezingxenyeni ezahlukene zomhlaba epulazini Halfgewonnen 190 IS. Izingxenye zengxenye zomhlaba 7, 8, 9 no 16 epulazini Halfgewonnen 190 IS, ziphakamiswe njenge zindawo lakuzokwakhiwa khona isakhiwo sokuphehla ugesi kusetshenziswa ilanga.

Lendawo yokuphehla ugesi ngelanga izophehla ugesi ongango 80 Mega Watts (MW) ozosatshalaliswa kwiGridi kaZwelonke, kakhulukazi ukuzuza imiphakathi yezimayini nezabalimi abahlala eduzane nalendawo ekuzokwakhelwa khona lesisiphakamiso.

Kucabangwe imigqa emithathu yezintambo zikagesi ukuhlanganisa ugesi ophehlwe kulendawo ezokwakhiwa kuGridi kaZwelonke, ngomugqa owodwa kulena emithathu ekhona enamandla angu 88kv esiteshini esicance sakwa Eskom (ezingu Halfgewonnen South, Forzando noYsterkop).

Sicela nibheke amabalazwe nemifanekiso ezihlanganiswe kuleUSS.

CABANGA environmental

Telephone: +27 11 794 7534
Fax: +27 11 794 6946
E-mail: info@cabangaenvironmental.co.za

## 5. UKUGUNYAZWA KWEZEMVELO

Isicelo sokugunyazwa ngoko zemvelo sifakiwe kuMnyango wezeMvelo, aMahlathi kanye nezokuDoba (MMMD), okudingeka ngokoMZPM.

Uhlelo lokukala neloHIM lizolandelwa. Izinyathelo zaloluhlelo zichaziwe kafushane ngezansi:

- Isicelo sokuqala: umhlangano noMMMD ukuxoxisana ngalomsebenzi, indlela lekuzophathwa ngayo lesisicelo nokubamba iqhaza komphakathi.
- Kuthunyelwe ifomu lesicelo kuMMMD
- **Ukubamba Iqhaza Komphakhathi Isigaba 1: Isaziso**
  - Kuzothunyelwa ihlelo lokubamba iqhaza komphakathi ukuthi ligunyazwe nguMMMD
  - Kuzotholwa iMNT
  - Kuzungezwe uUSS, kufakwe izaziso zendawo kanye nemikhangiso.
- Kuzohlanganiswa umbiko wokukala osalungiswa (kanye nohlelo lokufunda lwekuHIM), nokukhomba imithelela engaba kona, nokokufaka okudingekile kwabochwepheshe.
- **Ukubamba Iqhaza Komphakhathi Isigaba 2:** Ukukala- Kuzokwenziwa umbiko wokukala osalungiswa utholwe yiMNT ukuze bakwazi ukubuyekeza nokuphawula.
- Kuzoqedwa umbiko wokukala (sekufakwe phakathi konke ukuphawula nazonke impendulo ezitholakele), ifakwe kuMMMD.
- Kuzoyenzwa ukuhlaziya kwabochwepheshe ukuze kuqondwe kangcono imithelela engaba khona kwezemvelo, kuhlaziywe nezindlela ekungakhethwa kizo zokuphatha loluhlelo.
- Uma uMMMD ugunyaza umbiko wokukala nohlelo lokufunda lwekuHIM, kuzo hlaganiswa imibiko yohlelo loHIM kanye noHlelo lokuPhathwa kwezeMvelo (HPM).
- **Ukubamba Iqhaza Komphakhathi Isigaba 3:** Ukuhlaziya Imithelela kwezeMvelo– kuzokwenziwa ukuthi umbiko woHIM/HPM osalungiswa, utholakale ukuze umphakathi ukwazi ukubuyekeza. Kuzomenywa yonke iMNT emhlanganweni womphakathi ukwethula okutholakele ekuhlaziyeni kwabochwepheshe (lomhlanagno uzoba mathupha noma ekhompiyutheni, kuzoya ngokuthi imithethonqubo imekanjani ngaleso sikhathi).
- Kuzoqedwa umbiko woHIM/HPM sekufakwe phakathi konke ukuphawula nazonke impendulo ezitholakele), ifakwe kuMMMD
- **Ukubamba Iqhaza Komphakhathi Isigaba 4:** Uma iCabanga Environmental iyaziswa ngesinqumo esithathwe nguMMMD, izokwazisa iMNT. Lesaziso sizofaka Phakathi imininingwane yohlelo lezikhalo ezikhona.

Ukubuyekeza kwemibhalo esalungiswa kuzokwenziwa isikathi esiyizinsuku ezingashumi amathathu (kungabalwa amaholide womphakathi) esigabeni ngasinye ngasinye. Imibutho yabantu abanentshisekelo nabathintekayo ebhalisile izohlezi iyaziswa ngokutholakala kwemibiko nekuhlelwa kwemihlangano kulo lonke uhlelo lokufaka isicelo. Konke ukuphawula okutholakele (nezimpendulo zakhona) kulo lonke uhlelo kuzolotshwa phansi kumbiko wekuphawula nezimpendulo zakhona, nawo lombiko kuzokwenzwa ukuthi utholakale ukuze umphakathi ukwazi ukubuyekeza.

## 6. IMISEBENZI ESOHLWINI

Letafula elilandelayo lifingqa lemisebenzi esohlwini ekhonjwe ngokoMZPM, njengoba kufakiwe kwisicelo sokugunyazwa ngokwezemvelo:

| No | Incazelo |
|---|---|
| Imisebenzi efakwe Kuhlu leSaziso 1 | |
| 11 | Ukuthuthukiswa kwendawo noma ingqalasizinda zokundlulisa nokusatshalaliswa kukagesi— (i) ngaphandle kwezindawo ezisemadolobheni noma izakhiwo zezimboni ezinamandla angaphezu kwe 33 kodwa angandluli ku 275 yamakilovolts noma (ii) ngaphakathi ezindaweni ezisemadolobeni noma izakhiwo zezimboni ezinamandla angango 275 yamakilovolts noma ngaphezulu |
| 12 | Ukuthuthukiswa kwe<br>(ii) ngqalasizinda noma isakhiwo esingango 100 yamamitha ayisikwele noma ngaphezulu; lapho inthuhuthuko enjalo iyenzeka — (a) phakathi nendawo yenkambo yamanzi noma (c) uma kungana ukuhlehliswa kwenthuthuko okukhona, ngaphakathi kwamamitha angamashumi amathathu nambili kwinkambo yamanzi, kulinganiswa ngokusuka emaphethelweni wenkambo yamazi; — |
| 14 | Ukuthuthukiswa nokusebenza kwe ndawo noma ingqalasizinda, ukugcina, noma ukugcina nokuphatha, kwemphahla enobungozi, lapho khona lokugcina kuyenzeka eziqukathini ezinamandla ahlanganisiwe angango 80 yamamitha acubic noma angaphezulu kodwa angandluli ku 500 yamamitha acubic. |
| Imisebenzi efakwe Kuhlu leSaziso 2 | |
| 1 | Ukuthuthukiswa kwendawo noma ingqalasizinda zokuphela ugesi kusentshenziswa insiza ezivuselelekayo lapho khona ukukhipha kwegesi kungandluli ku 20 megawatts noma ngaphezulu. |
| 15 | Ukususa izimila zomdabu endaweni engango 20 yamahektha noma ngaphezulu |
| Imisebenzi efakwe Kuhlu leSaziso 3 | |
| 12 | Ukususa izimila zomdabu endaweni engango 300 yamamitha ayisikwele noma ngaphezulu, (f)eMpumalanga, (ii) ngaphakathi kwezindawo ezihlukahlukene zemvelo ezibucayi ezikhonjwe emahlelweni wezifunda. |

Telephone: +27 11 794 7534
Fax: +27 11 794 6946
E-mail: info@cabangaenvironmental.co.za

| No | Incazelo |
|---|---|
| Imisebenzi efakwe Kuhlu leSaziso 1 | |
| 14 | Ukuthuthukiswa kwe— (ii) ngqalasizinda noma isakhiwo esingango 10 yamamitha ayisikwele noma ngaphezulu; lapho inthuthuko enjalo iyenzeka— (a) phakathi nendawo yenkambo yamanzi; noma (c) uma kungana ukuhlehliswa kwenthuthuko okukhona, ngaphakathi kwamamitha angamashumi amathathu nambili kwinkambo yamanzi, kulinganiswe ukusuka emaphethelweni wenkambo yamazi; (f) eMpumalanga, (i) ngaphandle kwezindawo ezisemadolobheni (ff) ezindaweni ezihlukahlukene zemvelo ezibucayi noma izindawo zensizakalo ye-ecosystem ekhonjwe emahlelweni wekuhlukahlukana ngokwemvelo esentshenziswa inhloko yesifunda emahlelweni yezifunda. |

## 7. UKUSENTSHENZISWA KWAMANZI

Ukugunyazwa kokusebenzisa amanzi kuyenziswa ngokoMMZ ophethwe nguMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu, aManzi nokuThuthwa kwendle (MHBMT).

Izidingo zamanzi kuloluhlelo zilindeleke ukuthi zibezincane futhi zikhawulelwe kulokho okusetshenziswayo (amanzi wokuphuza waba sebenzi) kanye namanzi woku washa wokunakekela amaphaneli wePV. Lamanzi azolethwa kulendawo kuzosetshenzelwa khona futhi akuzukuba khona ukudonswa kwamanzi aphansi noma ngaphezulu okuzokwenziwa kuloluhlelo. Ukuthuthukiswa kwe ngqalasizinda duzane nenkambo zamanzi nako kudinga incwadi yokugunyazwa ukusetshenziswa kwa manzi ezimweni ezithile.

Umfakiscelo uzofaka isicelo esidingekayo sokugunyazwa ukusetshenziswa kwamanzi phambi kokuthi uhlelo lokuthuthukiswa luqale, nohlelo loku bamba iqhaza komphakathi elihlukene lizolandelwa njengengxenye yalesosicelo ngesikhathi esifanele.

## 8. IMITHELELA ENGABA KHONA EMVELWENI

Lemithelela engenzeka nekwandulelayo isikhojwe kulesisigaba saloluhlelo, futhi izophenywa ngokuqhubekayo (kanye neminye imithelela engabakhona esazokhonjwa njengoba izifundo nequbo yokufaka isicelo iqhubeka):

- Ukulahleka kwamandla omhlaba wezolimo
- Ukungcoliswa, ukuguguleka nokuminyaniswa kwenhlabathi,
- Imithelela kuzimbali ezizwelayo
- Imithelela ezingeni lamanzi nokutholakala kwamanzi
- Ukulahleka kwamaxhaphozi
- Ukudala uthuli
- Imithelela ebonakalayo
- Izindawo ezingamagugu ezitholiwe, futhi ezingahle zishabalalisiwe uma zingatholakalanga futhi zikhishiwe ngaphandle kokuthi umsebenzi uqalwe.

Umakungenzeka ukuthi uqaphele eminye imithelela engahle ibekhona sicela ukuthi uyilethe phambili ngokugcwalisa uhlu lwemibuzo olunamathiselwe lana.

## 9. UHLELO LOKUBAMBA IQHAZA KOMPHAKATHI

Ukubandakanyeka komphakathi kuyingxenye ebalulekile ehlelwni lokuhlaziya ezemvelo nehlelweni lokufaka isicelo. Ibhekisisa ilungelo lweMNT lokwaziswa ngemisebenzi ephakamiswayo nokubandakanyeka eziqumweni ezingehle zibathinte. Iyenza ukuthi iMNT ikhone ukunikela ngolwazi lwendawo ehlelweni lokuhlaziya. Futhi linikeza abahlaziyi bezemvelo ithuba lokuhlaziya nokubhekisisa izingqinamba nokukhathazeka kweMNT, ukwenza kanjalo kusiza ukuthi kuhlaziyeke yonke imithelela engase ibekhona yaloluhlelo eliphakamiswayo.

## 10. ISIMEMO SOKUPHAWULA

Umfundi umenywa ukubamba iqhaza kwihlelo lokufaka isicelo, ngokubhalisa njengeMNT. Njenge MNT ebhalisile uzokwaziswa ngohlelo lokufaka isicelo, uzomenywa ukuza emihlanganweni yomphakathi futhi nokubeyekeza imibiko ehlanganiswe ngokwezicelo. Ngaphezu kwalokho konke ukuphawula kweMNT okuzofakwa ngokwezicelo, kuzofakwa emibikweni ehambelana nayo futhi ibhekisiswe kulo lonke uhlelo.

**UKUBHALISA**: sicela usinike ukuphawula kwakho nemininingwane yokuxhumana kungekudala. Umbiko osalungiswa wokukala usalungiselelwa futhi kuzokwenziwa ukuthi utholakale ukuze umphakathi uzokwazi ukuphawula maduze. Imininingwane yokutholakala kwalombiko izokwaziswa kumaMNT abhalisile. Wamukelekile ukubhalisa futhi uphawule ngasosonke isikhathi kulo lonke uhlelo lokufaka isicelo.

Xhumana nathi:

Lelani Claassen

Pr.Sci.Nat 121645; Registered EAP 2018/153

Tel: 011 794 7534

Fax: 011 794 6946

info@cabangaenvironmental.co.za

| **UHLU LWEMIBUZO LOKUBAMBA IQHAZA KOMPHAKATHI: INDAWO YOKUPHEHLA UGESI NGELANGA YASE HALFGEWONNEN** | | | |
|---|---|---|---|
| Ukubhalisa njenge Mbutho waBantu abaneNtshisekelo nabaThintekayo, sicela nigcwalise futhi nibuyise ifomu ku Cabanga ngesikhahlamezi, fax noma ngeposi ku: | | | |
| Fax: (011) 794 6946<br>info@cabangaenvironmental.co.za;<br>Postnet Suite 470, P/Bag X3, Northriding, 2162 | | **Kungenjalo, sicela ubhalise ku**<br>www.cabangaenvironmental.co.za<br>**ucofe ku "Bamba Iqhaza Komphakathi"** | |
| Igama: | | Isibongo: | |
| Inombolo yocingo.: | | Fax No.: | |
| Iposi: | | | |
| Sikhahlamezi: | | | |
| Ungathanda ukuthintwa njani? | | ☐iSkhahlamezi ☐Fax ☐Iposi ☐Ucingo ☐Mlayezo | |
| Ungumntu othinthekayo ngokushesha noma umnikazi womhlaba noma umuntu osebenzisa umhlaba?<br>Uma kungenjalo, yini intshisekelo yakho kuloluhlelo?<br>Uma kunjalo, sicela usho igama lepulazi/impahla yakho nemininingwane yokuthi umhlaba wakho usetshenziselwani kwamanje. | | ☐Yebo ☐Cha | |
| Unayo yini intshisekelo yokumukelwa noma yokunqatshwa kwa loluhlelo? Uma kunjalo, sicela uchaze kabanzi. | | ☐Yebo ☐Cha | |
| Ucabanga ukuthi loluhlelo oluhlongozwayo luzoba nomthelela kuwe/ noma esimweni sakho somnotho womphakhathi? Kanjani? | | ☐Yebo ☐Cha | |
| Ikhona yini eminye imithelela oyaziyo engaka khonjwa? | | ☐Yebo ☐Cha | |
| Zikhona yini izindawo ezinozwelo ekumele zigwenywe (nje ngamathuna, izindawo zamasiko, uhlobo lwemvelo olusengozini yokushabalala, izici noma izindawo ezikhethekile zemvelo? | | ☐Yebo ☐Cha | |
| Unazo yini ezinye izindlela zokuncipisa imithelela ongazihlongoza? | | ☐Yebo ☐Cha | |
| Kukhona abantu, inhlangano, namaqembu owaziwo okumele aziswe ngaloluhlelo?<br>Sicela imininingwane yabo yoxhumano. | | ☐Yebo ☐Cha | |
| Unayo yini imibono, ukuphawula, imibuzo, ukukhathazeka okungeziwe? (sicela ukhululeke ukufaka amanye amaphepha wezimpendulo akhlukene) | | ☐Yebo ☐Cha | |